
ZULU

ZULU





KUYINI OKWENZEKILEYO KIMINA NA?

Ivesi lenkumbulo: I Sambulo 3:20

Igama ______________________________

Hlola eTestamentini lakho e Lisha noma eBhayibhelini ukuze uthole lezizimpendulo ezilandelayo. Uma kusho Johane 1:12, lokhu kusho incwadi kaJohane isahluko sokuqala, ivesi 12. (Amazwi aqondisayo ekhasini lokuqala leTestamente noma iBhayibheli abonisa inombolo yekhasi). Funda impendulo eseBhayibhelini emva kwalokho uyibhale wena ngawakho amazwi. Uma uneTestamente eLisha kuphela, imibhalo yeTestamente eLidala uzoyithola ilotshiwe kulesisifundo sakho.

1. Ngenkathi ngimamukela uKristu ngokucelwa ngaba ______________________________ kaNkulunkulu (Johane 1:12)
2. Ukungena kukaKristu empilweni noma enhliziyweni yomuntu kuwubuhlobo bomuntu uqobo obuba khona phakathi kwakhe noKristu, lobubuhlobo buchasiselwe nguKristu encwadini yeSambulo 3:20.
   (a) Ngubani ongqongqothayo emnyango na? (Bheka iSambulo 1:1 ukuze uthole izibonisо ezithile).

   ______________________________

   (b) Ngubani ongaphendula izwi lakhe angqongqothe na?

   ______________________________

   (c) Ufuna ukuba mina ngenzeni na? ______________

   ______________________________

   (d) Kuyini lokho azakukwenza uma mina ngivula umnyango na? ______________

   (e) Umnyango ngiwuvule kanjani na? (Bheka iSambulo 3:19) ______________

(f) Wena uwuvulile umnyango na? ________________

(g) Uphi uJesu Kristu manje na? ________________

________________________________

3. Isizathu esenza uJesu eze ukuzosifuna asisindise kwakuyingoba sasi ________________ (Luka 19:10).

4. Maqondana nabaseRoma 3:23, ukulahleka kwethu kwakungenxa yani na? ________________

5. IBhayibheli liqinisa ukuthi inkokhelo noma isijeziso sokona siyini na? (AbaseRoma 6:23). ________________

6. Ngubani lowo oseyikhokhele intengo yezono zami na? Isaya 53:6 usitshela lokhu, "Thina sonke sidukule njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; uJehova wehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke." (Hlola abaseRoma 5:8-9 ukuze ubone kahle ukuthi ngubani owasifela thina sonke).

________________________________

7. Ngenkathi ngizivuma izono zami, uNkulunkulu wenzeni na? (I Johane 1:9) Musa ukwenza iphutha lokuhlanganisa u I Johane oseduze nasekupheleni kwaTestamente eLisha (lena kungenye yezincwadi zikaJohane). neVangeli likaJohane ________________

________________________________

8. Ngifane le ngenzeni ngezono lezo engizivumile ngobuqotho bonke benhliziyo yami ngimtshelile uNkulunkulu ukuthi ngangidabukile ngazo? Isaya 55:7 uthi, "Omubi makayishiye indlela yakhe, nomuntu owenza okubi imicabango yakhe, abuyele kuJehova, uyakuba-nomusa kuye, yebo, abuyele kuNkulunkulu wethu, ngokuba uyakwanza ukuthethelela kubakukhulu. Dweba umugqa phansi kwamazwi lawo akutshelayo lokho ofanele ukukwenza ngezono zakho ezidlulileyo.

9. Maqondana nalombhalo abaseFesu 2:8-9, indlela yokwamukela insindiso ilena; (Bhekisisa izimpendulo ezifaneleyo).

______________________(a) Ukwenza imisebenzi eminingi elungileyo.

______________________(b) Ukuzama ngamandla ami onke ukwenza ukulunga.

______________________(c) Ukwamukela intethelelo kaNkulunkulu ngokukholwa.

10. Kodwa uma sesamukele insindiso futhi senziwe saba izidalwa ezinsha kuKristu, inhloso kaNkulunkulu ngathi ukuba ______________________

______________________(AbaseFesu 2:10)

11. Ngubani esinokumazi ngaye uJesu na? (Johane 14:6,9)

______________________

12. I Johane 5:13 uthi nina enikholwayo ngeqiniso noma nina enibeke ukukholwa kwenu kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ningathemba, ningacabanga, ningazi ngeqiniso (phawula amazwi afaneleyo ukuthi ninokuphila okuphakade.

13. Uma ngingafa kulobubusuku ngingaya kuphi na? (Johane 6:45-47) ______________________

14. Chasisela kafushane lapha ukuthi wazi kanjani ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu.______________________

______________________

______________________

15. Manje njengoba sengizalwa ngokomoya sengaba umntwana kaNkulunkulu (Johane 3:3-7), ngizoswela ukudla komoya ukuze ngiphile futhi ngikhule. Iyini into yokuqala efunekayo ekudleni kwami na? (Mathewu 4:4).

---

(a) Ngakhoke funda iBhayibheli lakho onke amalanga. Lokhu kuyiyona into yokuqala ekudleni kwakho. Zibekele isikhathi esithile osukwini ilelo nalelo ukwenza lokhu. Qala ngokufunda iVangeli lika-Johane - isahluko sinye ngelanga. Ileso naleso salezizifundo zeBhayibheli sizoba nemibuzo ngencwadi kaJohane nangezinye izincwadi ezise-Bhayibhelini. Hlala njalo nevesi lenkumbulo eliisephakethini lesifundo ulifunde ngekhanda. Kukhona futhi ezinye izindlela ezine ongakhula ngazo emoyeni.

(b) Thandaza yonke imihla. Khuluma noNkulunkulu nje ngenhliziyo yakho.

(c) Ngena endlini yokukhonza ngesosonke isikhathi iminyango yakhona uma ivuliwe. Khonza ebandleni lapho iBhayibheli lishunyayelwa khona nalapho uKristu ephakanyiswayo khona.

(d) Lalela uNkulunkulu. Uma ungaqondi ukuthi into ethile ilungile yini noma kayilunganga, zibuze lombuzo, "UJesu abezokwenze njani umu kunje?"

(e) Fakaza. Tshela omunye lokho iNkosi ikwenzele khona wena.

Manje uyazi kahle lokho "okwenzekileyo kimina." Kepha lokhu kuyisiqalo sohambo lwakho olujabulisayo. Kusenokuningi kakhulu!

Bheka, ngimi ngisemnyango ngingqongqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, a avule umnyango, ngizakungena kuye, ngidle naye, adle nami."

(ISambulo 3:20)

# 2



## UKUHAMBA NONKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo I AbaseKorinte 10:13

Igama ______________________________

Uma umntwana esezelwe ngokwenyama, ufanele aqale ukukuhula. Into enkulu efaneleyo kulomsebenzi wokulhula ukuba afunde ukuhamba. Nasemoyeni kunjalo. Umntwana kaNkulunkulu (lowo ozelwe nguNkulunkulu) unfunda ukuhamba noNkulunkulu. Ukuchasisela impilo yobudristu ngokuthi "ukuhamba noNkulunkulu" kubonisa ukuthi ubukristu kuwubuhlobo ("kanye noNkulunkulu"), lokhu kusho ukuqhubeka hayi ukuma ndawonye ("ukuhamba"), futhi lokhu kuwukukhula okufaneleyo - isinyathelo ngelesa nalesosikhathi ("ukuhamba"), UMika umphrofethi, waloba ngenye yezimfanelo zomuhtu, "Uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?" (6:8)

1. Njengoba usuqalile ukufunda iVangeli likaJohane, mhlawumbe sewubonile amazwi ahlukeneyo abonisa ukuhamba noNkulunkulu. Ayini lawamazwi anje ngalawa na?

   (a) Johane 8:12 ______________________________

   (b) Johane 1:37 ______________________________

   (c) Johane 2:5 ______________________________

   (d) Johane 5:14 ______________________________

2. Ngubani ophikisana nokuhamba kwethu noNkulunkulu na?

   (I Petro 5:8) ______________________________

3. Kuyini lokho okwenziwa nguSathane kuMathewu 4:1?

   ______________________________

4. UJesu wasivumela isilingo na? (AmaHeberu 4:15)

______________________ Isilingo nesono kuyizinto ezifanayo na? ______________________ (Isilingo sithi, "Uzokwenza lokhu na?" Isono sithi, "Ngizokwenze!")

5. Kuyini lokho esifanele ukuKwenza uma uSathane esihlasela na? (Jakobe 4:7) ______________________

______________________

______________________

6. Chasisela ngawakho amazwi: Kuyini ukona? (Bheka I Johane 3:4 no Jakobe 4:17) ______________________

______________________

______________________

7. U-Isaya 59:2 uthi, "Kepha ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu, nezono zenu zibusithile ubuso bakhe kini ukuba angezwa." Into eyodwa enamandla okungahlukanisa noNkulunkulu kuyi ______________________.

8. Kuyenzeka yini ukuba umkristu, esizwa ngamandla kaKristu, agcineke angoni ngamabomu na? (I Johane 3:9)

______________________

9. Siyini isithembiso sikaNkulunkulu kithi uma silingwa noma sivivinywa? (I AbaseKorinte 10:13) Uzaku, angeke (enza indilinga kumazwi afaneleyo) asenzela indlela yokuphepha noma yokubekezela ekulingweni.

10. Iyini inhloso kaJohane ngalombhalo otholakala ku I Johane 2:17

______________________

______________________

______________________

11. Nokho, uma kwenzeka umkristu awele esonweni, ngokuka I Johane 2:1 ufanele athi (Phawula izimpendulo ezifaneleyo):

_______________(a) Akukho angakwenza ngaphandle kokwenza isono.

_______________(b) Asibekele isono sakhe aziphathe njengomuntu ongazange one.

_______________(c) Aye kuJesu ngokushesha, avume isono sakhe aqhubeke ngokumphilela uNkulunkulu.

_______________(d) Adangale asho ukuthi akusizi ukuphila impilo yobukristu.

12. Uma umkristu onile kuthi muva asivume isono sakhe, uNkulunkulu uzakwenzani na? (I Johane 1:9)

_______________________________________________

13. NgokukaJohane 14:21, ukugcina imiyalo kaKristu kubonisa ukuthi_______________________________________

14. NgokukaJohane 10:27-29,

(a) Ngubani onokuphila okuphakade nophethwe ngamadla kaNkulunkulu? _______________________________________

_______________________________________________

(b) Ukuze ngibe imvu kaKristu (v. 27) ngifanele ngizwe izwi likaKristu, ngaziwe nguyena, futhi

_______________________________________________

_______________________________________________

Nasi isaluleko esiqondile nesiswelekile: Hamba noNkulunkulu! Lokhu kusho ukumelana nesilingo, ukulalela uNkulunkulu, ukulandela uKristu.

Ezinye iziqondiso zempilo nokukhula okuphumelelayo zifunyanwa esifundweni esilandelayo.

Anifikelwanga ukulingwa okunjengokwabantu; kepha uNkulunkulu uthembekile, ongayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu, kepha oyakuthi kanye nokulingwa anenzele indlela yokuphepha, nize nibe-namandla okukuthwala. (I AbaseKorinte 10:13).

# 3



## UKUFUNDA KUNKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo IHubo 119:11

Igama________________________________________________

Uma bekungenzeka uthole ukuthi amacebo kaNkulunkulu maqondana nomhlaba nangempilo yakho wena uqobo alotshiwe encwadini, leyoncwadi ingaba nentengo engakanani kuwena na? Uma izithembiso zikaNkulunkulu kuwe nokulangazela kwakhe ngawe bekubhalwe encwadini, futhi leyoncwadi unayo, ungachitha isikhathi esingakanani ekuyifundeni na? Kulemizuzo eyingcozana elandelayo kungenzeka uzifumanele okumangalisayo ngempela!

1. Kuyini okukhulunywayo ngezwi likaNkulunkulu ku-Johane 17:17?

   ________________________________________

2. ImiBhalo yanikezwa kanjani kithina ukuze sibenalo iqiniso eliqinisekile kangaka na? (II Thimothewu 3:16)

   ________________________________________

   ________________________________________

3. Kuyini lokho iZwi likaNkulunkulu (umlayezo noma imiyalo) elizokusenzela kona maqondana nalemibhalo:

   (a) II Thimothewu 3:15?________________________________

   (b) Johane 15:3?________________________________

   (c) Izenzo 20:32?________________________________

4. Njengoba bewufunda iVangeli likaJohane, uzibonile yini izimfundiso maqondana nobukhulu beZwi?

(a) Kuyini lokho uKristu akwenza ngeZwi (umyalo noma isisho) liBaba? (Johane 8:55) ____________

____________

(b) IZwi likaNkulunkulu (umlayezo noma iqiniso) linendawo enjani ezimpilweni zabanye abantu na? (Johane 8:37) ____________

____________

(c) Uma singabaka "Nkulunkulu", kuyini esizakukwenza ngeZwi lakhe na? (Johane 8:47) ____________

____________

(d) Umfundi weqiniso ka Kristu uzakwenzani ngeZwi Lakhe (isambulo noma imfundiso)? (Johane 8:31)

____________

____________

(e) Kuyini esikwenzayo ngeZwi (umyalo, imfundiso noma isisho) uze sigcine impilo engunaphakade yokomoya na? (Johane 8:51) ____________

____________

____________

5. Uma ngimthanda uKristu, ngizakwenzani na? (Johane 14:23)

____________

6. IZwi elilotshiweyo lingiqondisa kumuphi uMuntu

____________, ukuze ngibe nesipho sini

____________? (Johane 20:31)

7. USathane angazama ukusinqoba empilweni yethu yobu-kristu, kodwa uNkulunkulu usinikile isikhali sokumnqoba ngaso uSathane. Lesisikhali "siyinkemba kaMoya e ______________________________

______________________________." (AbaseFesu 6:17).

8. UJesu wamphikisa kanjani uSathane encwadini kaMathewu 4:4, 7, 10? ______________________________

______________________________

9. Kuyini engingakwenza ngezwi likaNkulunkulu ukuze ngingoni kuye maqondana neHubo 119:11 na? "Enhliziyweni yami ngiyalonda iZwi lakho ukuze ngingoni kuwe"? ______________________________

______________________________

10. Yiliphi iqiniso eliseZwini likaNkulunkulu elisandakukusiza na? ______________________________

______________________________

11. Kungani umKristu efanele ukulifunda iBhayibheli imihla yonke na? ______________________________

______________________________

Ngaphezu kokufunda ngoNkulunkulu usenalo elinye ithuba elimangalisayo njengoMkristu. Lelithuba lambuliwe esifundeni esilandelayo.

Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho ukuze ngingoni kuwe. (IHubo 119:11).

4



# UKUKHULUMA NONKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo: Johane 16:24

Igama________________________________________________

Njengoba sithintana noNkulunkulu onguSomandla, akuyona into engaphezu kwamandla ethu ukuqaphela ukuthi simnike okungcono kwalelo nalelo suku. (Iningi lethu lokhu kungasho ukuthi sifanele simnike isikhathi sasekuseni.) Noma kungasiphi isikhathi, ngasese, ngikhuluma naye naye ukhuluma kimi. Umlobi weHubo wakusho ngalendlela: "Jehova, ekuseni uyalizwa izwi lami; ekuseni ngiyekuzibika kuwe, ngilinde." (IHubo 5:3). Asesibone okunye futhi lokho iBhayibheli lisinika khona maqondana nodaba olumangalisayo.

1. UJesu wayekholwa yini ukuthi kufanele abenesikhathi enoBaba ekusithekeni na? (Marku 1:35) ____________

   ________________________________________________

2. Ngifanele ukukhuleka kanjani na? (Luka 18:1)

   ________________________________________________

3. Ilowo nalowo-mkhuleko ufanele ukuba nesimo esinjani na? (I AbaseThesalonika 5:17-18) ____________

   ________________________________________________

4. Siyini isizathu esikhulu somkhuleko ongaphendulwa na? "Uma bengiqonda ububi enhliziyweni yami, ibingayekungizwa iNkosi." (IHubo 66:18). ____________

5. Kuyini okufanele kube isiqondiso salokho esikukhulekelayo na? (I Johane 5:14) ______________________

______________________________________________

6. Yiziphi izifundo lezo ozifundile eVangelini likaJohane maqondana nomkhuleko na?
   (a) Iliphi ilungelo lelo eliqondene nabo bonke abangamaKristu na? (Johane 16:24) ______________

   ______________________________________________
   (b) Inhloso kaNkulunkulu yokuphendula umkhuleko ilena

   ______________________________________________(Johane 14:13)
   (c) UKristu usicela ukuba senzeni thina ukuze Yena aphendule izicelo zethu na? (Johane 15:7)

   ______________________________________________

   ______________________________________________
7. Ukuze ngithole impendulo, kuyini engifanele ngikwenze uma ngikhuleka na? (Mathewu 21:22) ______________

______________________________________________
8. Izinto ezithile engingazikhulekela ilezi:
   (a) Mathewu 6:11______________________________
   (b) Mathewu 9:38______________________________
   (c) AbaseFilipu 1:9___________________________
   (d) I Thimothewu 2:1-2________________________
   (e) Jakobe 1:5________________________________

9. Kuyini okungangigcina ngingangeni ekulingweni (noma ekuvivinyweni)? (Mathewu 26:41) ____________________

______________________________________________________

10. Imikhuleko engcono yileyo (phawula impendulo efaneleyo)

________________(a) Enamazwi afaneleyo enkolo

________________(b) Ezwakalayo kahle njengomkhuleko

________________(c) Ephumayo ejuleni kwenhliziyo yami

11. Ayini amapulane akho maqondana nesikhathi sakho somkhuleko ngasese uneNkosi na? ____________________

______________________________________________________

______________________________________________________

Mhlawumbe bewungaqondi ubukhulu belungelo lakho lokukhulumisana noNkulunkulu uSomandla. Lonke uthando nezibusiso azibonisile kuwe zikwenza ufune ukumenzela okuthile, akunjalo na? Fundake isifundo esilandelayo.

Kuze kube-kalokhu anicelanga lutho egameni lami. Celani, niyakwamukeliswa ukuba intokozo yenu igcwale. (Johane 16:24).

# 5



## UKWABELANA NONKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo: I AbaseKorinte 10:31

Igama: ______________________________

Uma ngikholwa into ethile ngeqiniso lonke, ngizoyisekela ngokupheleleyo. Manje, Nkulunkulu, ngiyakholwa kuwe ngendlela engingazange ngikholwe ngayo ngaphambili! Ngakho ngifuna ukukujabulisa ngikukhonze ngabelane nawe ngakho konke engiyikho nalokho enginakho. UMphostoli uPhawuli uyibeka kanjena lendaba - Ngisanda ukuyifunda - "Ngakho-ke noma nidla, noma niphuze, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu. (I AbaseKorinte 10:31). Ezintweni ezinkulu nasezintweni ezincane, kukho konke engikwenzayo ngizibuza lombuzo, "Kuyamjabulisa uNkulunkulu na?"

1. Maqondana nokuloba kukaMathewu 22:36-40,
   (a) Ngifanele ngimthande kangakanani uNkulunkulu na?
   ______________________________
   (b) Ngifanele ngimthande kangakanani umakhelwano wami na?
   ______________________________
2. Uthando lwami ngilubonakalisa kanjani kuNkulunkulu nakwabanye abantu na? (I Johane 5:2-3)
   ______________________________
3. Kuyini okwashiwo uJohane maqondana nalokhu kuzinikela kuNkulunkulu nasentandweni yakhe na?
   (a) Ukuze inhlamvu kakolweni iveze ukuvuna okukhulu ifanele yenzeni na? (Johane 12:24-25)
   ______________________________

(b) Uma ngikhonza uJesu Kristu esikhundleni sokukhonza izifiso zami, uBaba uzakwenzani na? (Johane 12:26) ____________________

____________________

4. Manje, njengomKristu, nginesimo esisha kubo bonke ubuhlobo bami kulempilo ngenxa yobuhlobo bami obusha kuNkulunkulu. Uma "ngikuKristu" (umKristu, uhlanganisiwe naYe), okwakuqala kudlulile esikhundleni sakho kukhona ________

____________________

(II AbaseKorinte 5:17).

(a) Isimo sami maqondana nezinto:

(1) Manje ngifuna ukupha, ukuzigodlela (Phawula izwi elifaneleyo) Luka 6:38).

(2) Phawula izinto ezintathu eziwumumo ofaneleyo maqondana nezinto ezitholakala kubase-Fesu 4:28:

_____ (a) Ungabe usebe

_____ (b) Yiba isikhonzi esikhuthaleyo

_____ (c) Zigodlele konke

_____ (d) Abela abaswelayo

_____ (e) Uma kwenzeka ngingeba

_____ (f) Vilapha

(b) Ubuhlobo bami obusha kwabanye abantu:

(1) Ngifanele ukuba ____________________

____________________kwabanye abantu (AbaseFesu) 4:32

(2) Ngifanele ngizwaye, ngifune (phawula izwi elifaneleyo) izinhlangano ezingibophela kanye nabangakholwayo ukuze ngikwazi ukukhonza ukulunga. (II AbaseKorinte 6:14)

(c) Ubuhlobo bami maqondana noqobo lwami:

(1) Ekuzinakekeleni, ekubonakaleni nasekusetshenzisweni komzimba wami, ngifanele ngikhumbule ukuthi ulithempeli

______________________________(I AbaseKorinte 6:19)

(2) Ngifanele__________________Isikhathi sami nethuba lemi, (AbaseFesu 5:16)

5. Ngifanele ngithande______________________(I Johane 2:10), kodwa angifanelanga ukuthanda ______________

______________________________(I Johane 2:15-16)

6. Kungani uNkulunkulu esibheke ukuba simkhazimulisa na? (I AbaseKorinte 6:20). ______________________

______________________________________

7. Uma ngibeka umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe (ukwahlulela nobungcwele) phambi kwakho konke, umphumela uba yini na? (Mathewu 6:31-33).

______________________________________

8. Uma, ngenxa yothando lukaNkulunkulu kithina, sabelana naYe izimpilo zethu, ekugcineni ngubani lowo ozuza okuningi kakhulu na? (Marku 10;28:30).

______________________________________


9. Ukuze ngabelane noNkulunkulu ngeqiniso, kusuka manje ngize ______________________________

______________________________

Lawamaqiniso azosivulela injabulo yokwabelana kwethu noNkulunkulu. Manje kukhona ukwabela okuthile esikwenzayo uma sikhuluma ngoKristu kwabanye. Lokhu kubizwa ngokuthiwa ukufakaza, isifundo selandelayo sikhuluma ngalokho.

Ngakho-ke noma nidla, noma niphuza, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu.
(I AbaseKorinte 10:31)

# 6



## UKUKHULUMELA UNKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo Mathewu 4:19

Igama________________________________________

Emqondweni wakho zibone uhlangana nesiholbo sakho leso impilo yaso yasemzimbeni yayisebuhlungwini obukhulu ingathembisi neze ngenkathi ugcina ukusibona. Namhla umbona esephilile saka! Manje isihlobo sakho leso ngokujabula okukhulu sikutshela ngodokodela osiphilisile ngokupheleleyo. Kodwa lesosihlobo sakho asikutsheli igama lalowodokodela nekheli lakhe. Kungede kwenzeke lokho! usho njalo. Baningi kangakanani namhla labo abaphilisiwe emoyeni nguKristu nokho beyeka ukutshela abanye ukuthi nabo bangasinda kanjani! Ukufakaza kukutshela abanye lokho uKristu akwenzele khona wena.

1. Lapho esemphilisile uKristu umuntu obekade enedemoni wamnika umyalo othile. Iyini incazelo yoku "fakaza" leyo uKristu eyithintayo kulomyalo na? (Luka 8:39)

   ________________________________________

   ________________________________________

2. IVangeli likaJohane lisifundisa okuningi ngokufakaza.
   (a) Maqondana noJohane 3:32, ukufakaza (noma ukusho okwaziyo noma okubonileyo) kusho ukutshela (phawula izimpendulo ezifaneleyo)

   ________(1) Lokho ofundiswe ukuthi kuliqiniso

   ________(2) Lokho okuzwe ngomunye umuntu

   ________(3) Lokho okubonileyo nokuzwileyo (Okwaziyo wena-qobo)

11. Njengofakazi bakaKristu, izwi lethu lifanele libe elinjani kulabo abangenaye uKristu na?

AbaseRoma 6:23 ______________________________

______________________________________________

AbaseRoma 3:23 ______________________________

______________________________________________

Isaya 53:6 - "Thina sonke sidukile njengezimvu; ilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; u-Jehova wehlisele phezu kwayo ububi bethu sonke."

Johane 1:12 ________________________________

______________________________________________

12. Uma umuntu asemamukele uKristu, liyini icala lethu kuye na? (Izenzo 14:21-22) ____________

______________________________________________

13. Imfakazo aveza imiphumela efaneleyo inezinto ezintathu:
(1) Lokho bengiyikho ngisengakabi uMkristu;
(2) Indlela engaba uMkristu ngayo; (3) Lokho uKristu abe yikho empilweni yami. Loba imfakazo emfushane leyo ongayinika isihlobo sakho. ______

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

14. Loba amagama abantu abathathu labo owaziyo ukuthi bayamswela uKristu futhi uzimisele ukubathandazela nokufakaza kubo uma uthola ithuba.________________

________________________

________________________

Kodwa noma wazi ukuthi ufanele ukutshela abanye ngoJesu Kristu, kungenzeka wesabe ukukwenza lokho. Ungawatholaphi amandla okukhuluma ungesabi na? Isifundo esilandelayo simaqondana nalendaba.

"Ngilandeleni; ngiyakunenza nibe ngabadobi babantu."
(Mathewu 4:19)

# 7



## UKUGCWALISWA NGOMAYA KANKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo AbaseFesu 5:18

Igama ______________________________

Izikhathi ezingakanani uMkristu ewashilo lawamazwi, "Ngifune ukumanzela okukhulu uNkulunkulu kodwa ngiswela amandla okukwenza?" Inye impendulo eqondane nalenkinga - uMkristu ufanele abe nawo amandla kaNkulunkulu ngobuningi bawo ngokuhlala kukaMoya ngaphakathi kwakhe. Yiso isizathu uPhawuli wathi kuwo amaKristu ezinsuku zakhe, "Kodwa nigcwaliswe ngoMoya." (AbaseFesu 5:18)

1. UJesu wachitha isikhathi esikhulu efundisa abafundi bakhe ngoMoya oNgcwele, uJohane usibhalele ezinye zalezizimfundiso.

   (a) UJesu wathi ngubani lowo ozosinika isibusiso esiphuphumayo noNkulunkulu (njengamanzi aphilayo) (Johane 15:26)

   ______________________________

   (b) Ngubani ozosifundisa na? (Johane 14:26)

   ______________________________

   (c) UMoya oNgcwele "ufakaza" ngobani, lokhu kusho ukuthi ukhuluma ngobani na? (Johane 15:26)

   ______________________________

   (d) Kungasiphi isikhathi empilweni yomKristu lapho uMoya oNgcwele aqala ukusebenza na? (Johane 3:5) ______________________________

2. Abafundi bakaJesu babesaswaswela amandla afaneleyo okuba bafakaze, lokhu kwakungasiphi isikhathi na? (Izenzo 1:8)

________________________________

3. Ngaphandle kwesiyalezo sikaPhawuli encwadini yabaseFesu 5:18, sazi kanjani ukuthi amaKristu asenaso isidingo sokugcwaliswa ngoMoya na? (Izenzo 9:17)

________________________________

________________________________

4. Izinto lezo ezivimbela umuntu ukuba angabi umuntu ogcwalisiwe ngoMoya zabonakala ebandleni lase-Korinte. Babonisa izimo ezingafanele njengo mona nenzondo, lokhu kwakuyisiboniso sokuthi babe

________________________________

(I AbaseKorinte 3:1,3)

5. Uyini umsebenzi othile owenziwa uMoya oNgcwele osusa isivimbelo sokuba asifuye ngokupheleleyo ukuze asenze sihlanzeke, sibengcwele sahlukaniselwe uNkulunkulu. (IPetro 1:2)

________________________________

________________________________

6. Lapho uNkulunkulu enika amaKristu okuqala ukugcwala kukuMoya, wenzani ngobubi nokungcola kwezinhliziyo zabo na? (Izinzo 15:8-9)

________________________________

________________________________

7. Sifanele senzeni ngobubi noma umumo wobubi ezimpilweni zethu na? (II AbaseKorinte 7:1)

________________________________

8. UNkulunkulu ufuna lokhu kungcweliswa (Ukuhlanzwa noma ubungcwele kuphelele kanjani na? (I Abase-Thesalonika 5:23)

________________________________

________________________________

9. Umthetho noma isimiso________________________
siyangikhulula emthethweni wesono nowokufa.
(AbaseRoma 8:2)

10. Isimo esibi sabaseKorinte (I AbaseKorinte 3:1-3) sabonisa ukuthi babeswela isici esibalulekile kakhulu sempilo yobuKristu. Lesisici si ____________

____________________________________
(I AbaseKorinte 13:13)

11. Ngingalamukela uthando (lukaNkulunkulu) ku_________

________________________(AbaseRoma 5:5).

12. Emva kokuba sengigcwalisiwe ngoMoya oNgcwele, ngifanele ngibe nobudlelwano obunjeni noNkulunkulu na? (AbaseRoma 8:4).

____________________

Impilo yobukristu ehlanzekileyo nenamadla ilena egcwalisiwe ngoMoya. Imphuphumla kwabanye. Ungathenda yini ukugcwaliswa ngoMoya na? Kukhona izinyathelo ezine ezilula:

(a) Mcele uNkulunkulu akunike uMoya ngokugcwala kwakhe. (Luke 11:13

(b) Nikela impilo yakho yonke kuNkulunkulu.
(AbaseRoma 12:1-2).

(c) Vuma inswelo yakho ekhona ngaphakathi yokuhlanzwa noma ukuhlanzeka (Izenzo 15:8-9)

(d) Amukela uMoya ongcwelisayo ngesenzo sokukholwa. (Izenzo 15:8-9; I AbaseThesalonika 5:23-24).

"Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhuheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya. (AbaseFesu 5:18)

8



# UKUHLANGANYELA UNKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo AmaHebreu 10:25

Igama ______________________________

Uyazi yini ukuthi ngenkathi wamukela uJesu Kristu, awutholanga yena kuphela kodwa wathola futhi umdeni wonke omusha? Ilowo nalowo mkristu woqobo waba ngumfoweni noma udadewakho. Lomndeni omusha oyinxenye yawo ubizwa ngokuthiwa "libandla." Qaphela ukubona ukuthi uyalubonisa uthando lwakho oluvamayo kulomndeni wakho wokoMoya.

1. IBhayibheli libiza abalandeli bakaKristu ngezindlela ezehlukile:
   Loba amagama amathathu achaza abalandeli bakaKristu ku-Zenzo 11:26.

   (a)______________________________

   (b)______________________________

   (c)______________________________

2. Njengoba sifanele sisebenze kanye kanye njengamaKristu, ibandla liyabizwa ngesinye isikhathi ngokuthiwa

   ______________________________(I AbaseKorinte 12:27)

3. Ngubani oyinhloko yebandla na? (AbaseFesu 5:23)

   ______________________________

4. Libaluleke kangakanani ibandla kuJesu Kristu na?

   (AbaseFesu 5:25)______________________________

5. Ukuze ngibe inxenye yebandla, ngifanele ngibe nobuhlobo obunjani noKristu na? (AbaseFesu 5:24)

______________________________

6. UPhawuli wazifundisaphi izindlela zikaKristu na? (I AbaseKorinte 4:17) ______________________________

7. Sifundo sini leso iVangeli likaJohane elikufundise sona ngeBandla na?

   (a) Izwe lingazi kanjani ukuba mina ngingowebandla na (owabalandeli baka Kristu na)? (Johane 13:35)

   ______________________________

   (b) Liyini icala lomalusi webandla kulo ibandla na? (Johane 21:16) ______________________________

   ______________________________

8. Ngifanele ngimphathe kanjani umfowethu olilunga lebandla na? (AbaseGalathiya 6:2) ______________________________

______________________________

______________________________

9. Uma uMoya oNgcwele enikeza iziphiwo ezithile kubantu abathile, isuke iyini inhloso yakhe na? (I AbaseKorinte 12:4,7) ______________________________

______________________________

10. Amanye amabandla anamandla futhi anothando, amanye akanjalo. Iliphi ibandla kulawa amabili ongathanda ukuba kulo (Phawula elilodwa kuphela)

   __________(a) Ibandla laseJerusalem (Izenzo 4:32-33)

   __________(b) Ibandla laseLawodokhiya (ISambulo 3:14-17)

11. Lwalubanzi kangakanani uthando lwamakristu akuqala kuyo imfundiso, ubudlelwano, ukuhlephula isinkwa nomkhuleko wabaphostoli na? (Izenzo 2:42)

________________________________________

12. Kuyini lokho engifanele ngikuqaphele ukuze ngijabulise iNkosi na? (AmaHeberu 10:25)

________________________________________

________________________________________

13. Ezinye zezizathu okungazo ngifanele ngihlanganyele nebandla ilezi ____________________________

________________________________________

________________________________________

Ngokukholwa kwakho sewuhlanganisiwe noJesu Kristu, futhi ngokukamoya, nawowonke amakristu eqiniso. Manje ufanele ucabange ngesinyathelo esikhulu sokuzihlangangisa nebandla. Lobubudlelwano bubalulekile kakhulu futhi umsebenzi wabo mkhulu ngangoba amakristu afanele ukuhlangana ngazozonke izindlela ezenzekayo. Ngosizo lwebandla lakho nomalusi, uzoqhubeka ukukhula kuKristu. Siyakubongela ekuqedeni kwakho lezizifundo. Izinsuku eziningi ezimangalisayo zisekhona ngaphambili usaqhubeka uhamba naye uNkulunkulu!

"Singakuyeki ukuhlangana kwethu njengomkhuba wabanye, kepha masivuselelane, ikakhulu njengoba nibona usuku lusondela.
(AmaHeberu 10:25)